LANGA LASE NATAL

OlweSihlanu September 12, 1919.

UBESIPATELENI uGEN. BOTA?

Akuko noma sidabukile ukuba uGen. Luvisi Bota uMpati Ndaba Zabantu, ashone sisenetemba lokuti uzovezela abeParamede okuyikona ebeye pesheya ekupatele iNdhlu Emnyama. Kakungeko kwenseke ukuba abuye engalaywanga ngaluto maye lana nati; ngoba bakona lapa eSouth Africa abelungu osekubakanyele isihlala sikutsho kokuti kuhle sibe neswi ekwensiweni kwemiteto esipeteyo Isihlobo setu esikulu uSir Marshal Campbell wayevama ukugcizelela kulelizwi njengoba nomlingane wake uMr Maurice Evans kusa etsho. Nesihlobo setu uMr. Schreiner, osanda kufa pesheya, wab'ekomba lona lelizwi. Besi hlezi sibhekile ukuti lizopuma izwi lesikundhla setu esizobekwa kuso kuGen. Bota, njengoba engumlomo wabantu koyo yonke imikandhlu ekade iqulwa pesheya ekuhlelweni kwezinto ngokusha. Noko pela sidabukile, uGen. Smuts ubenaye uBota pesheya, ukwazi konke uBota abuye ehlose ukukwenza, esetemba naye uzovezela izwe isikundhla esizopatwa ngaso emva kwako konke loku osekwehlile.

Ubandhlululo lwebala.

EMITASHENI YEGOLIDE.

Kusihlaba umxwele ukufunda amazwi kaCol. Pritchard awakulume pambi kwebandhla elisingete udaba lokusetshenzwa kwesimayini eGoli. Uti izinto zimbili ezibonakala zipambi kwezwe, ukuba bahlale pezu kwentaba evuta umlilo sekusondele ukuba iqume, noma baqede ubandhlululo kubantu, iningi labo eliwuqonda kangcono umsebenzi kunobasi babo ababemelayo esimayini. Umqondo uyaqubeka ntsabana abasebenzela uHulumeni sebesibindi sokukuluma kwabakubo ngohlobo olunje. Nempela uHulumeni ngokumkanyela ukuti kuso zonke izinto esipatelele kubantu esibabandhlulula ngombala wabo, sincipise amalungelo abo, sibanyinye enkululekweni yabo, kuyingozi loko; njengoba sake saboniswa kona lapa ezinhleni zeLanga sati, imfumbe ifufusa ifufuse ize iqakaze. Lezi zigigaba uHulumeni ade ezitela ngamansi zokudikila umsebenzi abantu, likona ilanga lapo sofana nomlilo wequbula, singasenakubhuleka. Okuhle kakulu ukuba balalele amadoda akubo asi abantu anjengo Mr. H. M. Taberer noCol Pritchard, akade bayihlola indaba yokusebenza kwabantu emitatsheni; tinake sidhlulele pambili, siti alupele ubandhlululo kuzo zonke izinto eziqondene nenqubeko yabantu Silapa eSouth Africa nabelungu kufanele kuzo zonke izinto esipatelele emisebenzini yetu nabo siswane, singaqubushani; ngoba loko akusoze kwasiza noma omnyama noma omhlope. Kepa kungakubo abamhlope ukuleta loku kuswana, ngoba amatomu okubusa apetwe yibo. Abamiqondo mifupi pakati kwabelungu behlala becabanga ukuti nxa amaKafela sihlezi pesu kwawo socuna, kanti baqambe batshilo, abantu laba ungebagibele bengehashi; ungagcina ngoba bakuwise. Lalelani uCol. Pritchard, nisuse isigomagoma lesi esisicunulo kubantu, izwe lisohamba kangcono.

Ezaneno naPesheya.

Izindaba ezifika noNyuzipepa abapuma eMeleka ziti ivukile insondo pakati kwabamhlope nabamnyama baseMeleka. Abamnyama balangiselela ukuba bavukele abamhlope, babashaye bababhuqe esiqingateni saseGeorgia ngoba babamba omnyama bambulala engatetelwe cala, babuye bashise isindhlu zamasonto. Sebetumele neswi eNdhlini engenhla yombuso beti, nxatshana uMbuso ungayipete ngokuhlakanipa lendaba kuzovuka isiyalu.

o o o

AmaIndia lawa ayasidhlula ngokwazisa abaholi bawo. Lonke izwe ligewele isililo samaIndia ngokushona komholi wawo uMr. Hajee Dawad Mahomed Abetu sibajikijela ngamatshe, size sijikijele namatuna abo Nxa yona iNkosi ingesibusisi!

IPARLAMENDE.

Ingenile iParlamende leUnion ngolweSihlanu oludhlule. Livulwe nguLord Buxton ngomkosi kepa yonke indawo kwabe kusobala ukuti izwe liyakala ngomfi uGen. Botha okade engumhlalisihlalo weParlamende. Loku kubatsus kwalo okomnqumela ndokwini ukuba kuzoxoxwa ngokupela kwempi nokusekela isivamelwan sokupela kwayo. Kute kusangenwa nje indaba ebepambili kwaba ukukalela uGen. Botha. Kuzokwamkelwa nelaseWesi.

o o o

ABANGU HULUMENI.

Njengaloku setsho kwalidhlule ukuti uLord Buxton ufike wabiza uGen. Smuts ukuba ake abanguHulumeni bala wavuma. Uvamise ukubiza bona abakade besebenza noGen. Botha Bemi kanje:—Gen the Right Hon J. C. Smuts, Prime Minister, Minister of Defence, and Minister of Native Affairs.

Hon. F. S. Malan, Minister of Mines and Industries and Minister of Education.

Hon. H. Burton, Minister of Railways and Harbours.

Hon. N. J. de Wet, Minister of Justice.

Hon. Sir Thomas Watt, Minister of the Interior and of Public Works and of Public Health.

Hon. H. C. van Heerden, Minister of Agriculture.

Hon. H. Mentz, Minister of Lands.

Hon. T. Orr, Minister of Finance and Minister of Posts and Telegraphs.

Hon. Sir J. A. C. Graaff, Minister without portfolio.

Labake yibona abanguHulumeni kuze kukelwe ngonyaka ozayo. Bayingxube yezigaba ezimbili zeSouth African Party namaUnionists ababehlanganele isikati sempi.

o o o

uHERTZOG seNATAL.

Ukupumela kukaGen. Hertzog nabangane bake eDurban kwaba ukupumela esizweni ngoba iTeku lalingafuni nokambona ngangoba ngapandhle kwezihlobo eziyingcosane abatakaselwangu muntu. Ngenxa yaloko banyenyiswa ngezimoto baya eMgu'ndhlovu lapo betemba ukuti umoya uzobangcono loku kuseduze nendawo yamaBhunu yaseMgu'ndhlovana. Kepa nakona lapo kwabe bake pansi ngoba isinsizwa zeNkisimana zamtungatisa okwenyamazane sifuna ukumdhlela indhlela simjukujele rangamaqanda abolileyo. Po iqili eliuHertzog lapuma ngomunyango ongemva bati beti ubelapa ubelapa wacashaye wacita wayokwela esiteshini esincane esebange eFree State lapo efike watokozelwa wahalalisalwa.

o o o

AMA ALLIES neGERMANY.

Kuyalotshelwana futi kanzima amaAllies neGermany, amaAllies asola ukwenza kweGermany ukuba libeke umteto wokuti iAustria lizoba nezwi nesibalo ezindabeni nomPakati eGermany, loko amaAllies akubuka ukuti yitshe limi ngoti, osengati loko kuzonika amandhla amakulu kwelaseGermany.

AYAQUBUKA FUTI.

Usupelile umteto wokuciya amaJalimana ekutengiseleni namaAllies okangukuti sesizantengwa izimpahla zakona nakona kutengiswe. Kepa akuqondakali loku kwabe sekufungwe kwegatshelwa ukuti akuyi kutengelwana nabo kuze kupele iminyaka emihlanu kupele impi.

o o o

ISILILO SOMFI uGEN. BOTHA eLONDON.

Ukuba uti umuntu esfile abuye abone okulapa emhlabeni angabe uyabona umfi ukuti kanti ubemkulu kangaka etandeka kubantu bakubo nabaPesheya eNgi'ande. Kwenziwa inkonzo enkulu ngoSept 4 eWestminister Abbey lapo kwaguwala abantu besho ugezimnyama zokuzila. Kwangena ikwaya elifake ezibomvu betsho ngamnandi amazwi kwanutshwa kwakulekwa kwaba omkulu umkosi ongayikukohleka isikati eside. Kwabe kukona lapo esontweni izikulu eziningi nezihlobo zeSouth Africa.

o o o

AMABOLSHEVIK.

Noma engakateli ngokuteya kusobala ukuti iya nayo kumaBolshevik ngoba umuzi omunye futi waseKieff okade usezandhleni zawo usadhliwe ngamaAllies.

o o o

ONGAPESHEYA UNGAPESHEYA!

Kukona akuka'a nokusola okukulu ngenxa yokusweleka kwemikumbi evela pesheya yokututa abantu. Kutiwa kukona izinkalungwane zabantu esekade zayitela imali yokuwela kepa aziyitoli indawo yokuwela ngenxa yezitimela eziyingcozana. Sekukona ukuhlupeka okukulu. Nabakiti laba abawelayo nje bengamaNxusa asazi ukuti ba oti bepi batole amalungelo okubuya nina sebefeze umsebenzi wabo loku kuyoqalwa ngokungeniswa abelungu labo abakade balinda. Kunjalo njalo kubabazeka ukubiza kwezinto Pesheya katilesi.

UKUJIYELA EQOLO.

Ukujiyela eqolo kungelashwa ngokugcoba ngesigcobo sikaChamberlain kabili noma katata ngosuku uhlikihlise uqinise. Sitengiswa yibo bonke abatengisi.

IZINDATSHANA NGEZ NTO NABANTU

Kuyaziswa belu ukuti kuyaungenwa ngosheleni (1/-) eKonsatini yosapo lwas'Ohlange engawo loMgqibelo (Sept. 13) ngo 7 p m.

—:o:—

Icala lesidumo saseGoli litetiwe eGoli abenza kabi abanye bakiti baboshwa iminyaka emihlanu pakati kwako kuko na uMr. Duujwa, Iudhl'emnyama ibihlanganisa imali yokudhlulisa icala.

—:o:—

Kusanda kubanjwa eMkomasijisigwi li somlungu waseGoli okade esebenza ebange kona owalikolisa iBange ngemali eti mayibe yizi £5,000. Wab'ebhiza ngeMoto yake entsha naseGoli upezi ndhlu nezimali azibiza ngomkake.

—:o:—

Ukuba ngoweNkosi loku akudhlali. Loku uPrince of Wales eseMerika kwafika zintombi ezimbili kuMntwana zacela ukuba alobe igama lake emabhukwini abo okulonda izandhla zabantu. Lapo eselilobile igama owasendhlunkulu enye intokazi yase yati yobe yepuzile yamuqabula kona lapo esidhlangalent.

—:o:—

Umfo owakapela uNurse Cavell kumaJalimana kade litetwa icala lake wanqunyelwa ukufa.

—:o:—

Ukubiza kwempahla akuyi kuncipa. Isitolo esikulu saseLondon sisanda kutenga izicatulo eJohannesburg ngoba zibiza kakulu Pesheya. Kutiwa eMerika akuse ihloni ukugqoka ibhulukwe elibekelweyo kwabatanda ukwonga.

—:o:—

Kusanda kutengwa isiza eLondon ku Oxford Street, ngo £1,000,000 esiyinxenye yeEka singakiwe luto.

—:o:—

Ubese hlangabeze uNkosikazi uRev. C. K. Goba ngelidhlule sebeya eMzumbe M. S., lapo sebefundisa kona.

—:o:—

AmaIndia aseTransvaal kade etume amaNxusa ePretoria ukuyocela amalungelo emfundo ukuba abantababo bafundiswe njengababelungu.

—:o:—

Usekupukile uMr. N. Mbongwe waya emzini wake eMoorleigh, loku kade ekwandodana eAdams M. S. Uke wahambela nakwa Somkele.

—:o:—

J. D. NDOKWENI, P. M. Burg. Asizindaele ukufaka zonke izindaba ezitunyelwa epepeni. Yilungelo letu ukuketa.

—:o:—

Ngokufa kuka Mr. W. M. Cuthbert isikole saseLovedale sisuze ama £500 imali abayipiwe ngumufi owabe eyisihlobo sesikole ezinge esihambela esiposa izinhlamvana.

—:o:—

Indhlala kutiwa akusiyo nayo eDikeni eKipi. Baningi abeza esibhedhlela bengasakwazi ukudhla. Sekubikelwe uHulumeni.

—:o:—

Sebebuyile Hertzog namanye amaNxusa amaNationalist awabe eye Pesheya eyocela ukuba izwe leli libuyele kubelungu balapa apum'apele uKing.

—:o:—

Lakohlela lakohlela ixegu lomlungu lati lituls labe lipela liti gile lifa eTekwini ugalo lelisonto.

—:o:—

Isigebengu somuntu sabbozomela umesisi eStamford Hill ngoMsombuluko kusihlwa. Asifezanga intando yaso engcolileyo sat'aba sahluleke sanyamalala. Siyafunwa.

—:o:—

Kubikwa influenza ngaseGroutville. Loku uMrs. J. S. Mdima ebehambele kona yati mayimuke naye.

—:o:—

Izitraiki ziyavuka zayo yonke imisebenzi. Manjeke kuvuke esababeti nabahlabeleli eParis eFrance.

Notice.

The Examination for Andrew Smith Bursaries, of the value of £20 per annum for three years, tenable at Lovedale High School, will be held on Saturday 1st November at suitable centres. Applications for this examination must be lodged with the Principal not later than 30th September.

UKUCITA UMHLOLO.

Lowomkuhlanyana nompimbo obuhlungu wako makuqedwe kusemanje kungaze kututuke kube yisifo esibi. Ubode uptuza ingcozana okaChamberlain wokukohlela lezozifo zako ziyohabalala Utengiswa yibo bonke abatengisi.

Umhlangano wo ›bila.

Ezindhlebeni zabaningi, kakulu kubantu kuzwakala kangati ukudhlala ukuzwa ukuti kube kukona umhlangano wombila. Kanti kwabafundileyo akusiso neze isimangaliso leso. Ukudhla kwesizwe kukulanyelwa amadoda aqanase imitambo azabalaze kube umbhudulo, akufuni nakubantu lapo ukwazi ngezilimo kuyinto yesifazana nje amadoda angazi luto enganake luto.

Lomhlangano esiwashoyo ukba use Johannesburg ngo September 10 no 11. Umhlangano weminyaka yonke lo Ukuba loludaba kuyaziswa kwabamhlope kukona uMnyango (Department) oqondene ngokulima kupela, ukupatwa kwako ngamasu amasha okuqubeka noku hlola nokwelapa izifo zezilimo nezeziliwane eziyimfuyo nezomhlabati ukuvundiswa kwawo nokupatwa kwawo ngamasu angcono.

Kubonakala mhlope ukuba tina esikakupumeli okupatelela ekudhleni kwetu. AmaIndian enza imihlangano emingi ngenxa yokubona ukubiza kakulu kweRice ase atumela izwi kuHulumeni ukuba anqume imali elifaneleyo leRice bangagcugcwa yisigcwalegcwele zabatengisi abakulu bakubo nabamhlope. Kepa tina ukudhla kwetu umbila esipila ngawo kakulu kunako konke ukudhla asinaki ukukubheka ukuba sikutole Umbila siwulima ngokuwucogisa nje bese kuti, lona lelizana esilimileyo ngenxa yokungacabangi kwetu silitate siliniko abesitolo ngemali encane okuzobuye kuti lapo sesiwulanda kubo emva kweziyanga ezimbili ube usubiza uti mhlola. Okumangalisa kuqede yikuba loku kupinda yonke iminyaka kepa noko abantu abafundi nokuncane ngokulamba nokudhleka kwanyakenye. Yini yona leyo? Ipi imigodi esiti sivela yabe imbiwa yokumbela ukudhla kwabantwana umbila namabele? Uma kungukuti imigodi leyo ayisatandeki yayanzeka ngoba kuyinto yomkuba wabantu kwalani ukuba kufakwe emetangeni noma kumbiwe pansi itange lenziwe ngoseme nde pansi? Ukubiza kukasemende noku waka lowomgodi kungaba okwanyaka munye bese kuti ngeminye iminyaka ungabe usakuzwa. Futi lomgodi onje auneti njengeyakuqala leyo eyabe ibuye inete umbila upenduke isingcobe. Ukuhlupeka nokulamba nobupofu okuningi kwetu kungavinjelwa ngokuqikelela okunje.

Indaba enje okuxoxwe ngayo lapo ngeyokuketa kangcono izimbewu eyaba yipepa elafundwa nguMr. Bratt-Davy nezinye izindaba ezinjalo awama ukuloba ngazo elulekа uFather B. Wuss.

Ikona enye indaba eyenzeka pambi kwamehlo etu kepa singayivuseli amadhlebe - ukubiza kwombila ukuti kwenziwa yimi, kungevinjelwa yini Abantu abaningi lapa eUnion bapila ngombila ngako akufanele ukudhla kweningi kudhlalwe ngako babe abakudingayo belamba. Ukati kudhlalwa ngako sisho ngoba usanda kuvunwa kona manje umbila kepa isaka selibiza ngapezu kuka £1, kwezinye izindawo selibiza u£2 ngenxa yokuba usuncipile ngokuba ufakwa ezikebheni usiwe pesheya. Kusweleke akuzwa uHulumeni alulekwe abeke umteto wokuba umbila ungakishwa lapa eUnion uma kungabonakali kahle ukuti izinswelo zabantu balapa ziyogcwaliswa zonke. Kubi ukufuna igama elihle Pesheya ngokuti iUnion inenala babe befa abalapa. Lezonto yizona engaba siyaziqapela ukuba sinomhlangano epapeme yaba Limi abamnyama.

Ngokuhamba kuka Mrs Lawrence Kanyile.

(Ngu J. C. M.)

UMrs. Lawrence P. Kanyile usishiyile emhlabeni ngombla ka5th Sept. 1919 eMalvern Hospital. Wangcwatshwa ngo6th September 1919 eMere Bank uMfundisi uRev. S. G. E. Majozi waseWeseli eDurban obepete umsebenzi wokungcwaba. Uwupate kahle ngapezu kwembaliso umsebenzi oka Majozi ngenhliziyo enhle futi nangokudabuka okukulu emzwela uKanyile.

UMfikazi ufele eNkosini ngoba amazwi ake okugcina ukulume ngeSihlabelelo sikaDavid 23 "UJehova unguMalusi wami" noko ebese buhlungwini obukulu. UMfikazi lona indodakazi enkulu kaMr. Frank Goba ongaseko oyindodana kaMr. Thomas Goba.

Izihlobo ebezikona eziqondene noMr. Kanyile inazi ezibonga uMfundisi uMajozi: Messrs. Norman S. Nembula, Ephraim Nembula, Philemon P. Kanyile, J Cecil Matiwane noChristopher J. Thomas namaKosikazi noNinalume oMrs. Hiram Nembula noMrs. Dyer Nembula kanye nabanye abaningi. Kubadabukisile kakulu impela loku umfana ubesanda kushada ngoJuly lona odhlule. Zonke izihlobo azaneliswe ilombiko. Siyakukalela Kanyile uqine isango labo bonke lelo.

Ezase Mhlabeni.

(Ngu SOMPUNGANA.)

Mhleli omuhle, Ake ngipendule lensizwa, noma yindoda yakwaMcunu, ebhala ezaseFafa ede njalo ijwapuna kuSompungana, namhla ibuza kuSompungana ukuti ezaseZulwini imbala ziyawavuma njena amacala? Loku lapa eMhlabeni abantu bayazebela njena na. Qa Mngane wami eZulwini akwebiwa kona ngoba amapoyisa akona akafani nalawa owabona lapa eMhlabeni, yilowo uyipoyisa ngokwake; nawe nje mngane wami uyofike ube yipoyisa maalofu.

o o o

Kulawo mazwi ako okuqonda ukuti yini abantu bebe lapa na. Funda Amazwi ahlakanipileyo, isahluko 9, amavesana 16, 17, 11. Ugcine lapo uyofumana ke ukuti abantshontshayo bazimisa sibindi sini lapa eMhlabeni nawe nxa kade uzedukisa kanjalo, qa "Ungajabuli ngezindhlela zabebi". Kunjalo Mr. J. B. Mcunu.

o o o

UGqayinyanga lona kubonakala ukuti usahambele enyangeni yini Mhleli? Ngitsho ngoba naku rsate nya. Izagiya lezo, awabe ezinike uXulu zepuke zonke yini na?

o o o

Liti izulu lingomisa kwomise nemiqondo yabantu bakulume imbedumehlwana nje bo! Bati manje kade kufe iNkebli yaye yangena pakati eZulwini yabona izihlobo yabuya. Qa, zihlobo musani ukweduka kakulu nalawo mahemuhemu ngoba nizwa kutiwa kukona abapuma lapo, lalelani abefundisi labo abanitshela ezaseZulwini nzosuku lwesikombisa; yibona abaqinisileyo kulezo, alize lingomisa kubo.

o o o

Kanti uMrs. J. S. Mdima kade ehambele eMvoti (Groutville) wafike kona wawiswa pansi yiwo lomkuhlane omkulu okutiwa u"Fa-lwenje". Ute ePindela wasengcono, loku kutiwa wapateka kahle kakulu loku wabe efikele ejintimaneni elinga J. Nxaba (Intshebe).

o o o

EGroutville njengoba umshini kade umi sekusobala ukuti usuzosuka. Manje basalungisa amarinyo okumfimfita amazele ezikumkane. Nonxa abantu kade sebebhutshuzwa yindhlala nje bazoke bayipunge ngezitebe kancane.

o o o

Lendhlala ekona iyisimangaliso ngoba ipete nezinkuku zodwa lezi, sezingena ngezibuko zisofuna ukudhla ematafuleni. Helele baba!

o o o

Ngiyamangala ngoba angize ngingayibona intombazana yeKula, Sulumani, Mlangu, ingenanhlonipo kwoyise nonina, kungesibo abayizalayo, kodwa kubo bonke abohlobo lwayo. Ngenxa yenhlonipo yalezi ezinye izizwe akako ukwonakala okungangogwesizwe sakiti. Yini uma abesifazane bakiti bapelele emadolobheni?

o o o

UMr. Sivetye (G. M.) sisamlindele njalo pela ngoba sesizwile ukuti nguyena ozancasisa lengwangqane 'Yesu eLisha" emabandhleni aseMelikan Bodi. Siyabona ukuba baketa indoda impela eyanelisa. Wosa mngane! Silibhekile ikunkulo lako lelo;

o o o

Siyabonga kumfo waseGoli ukuba ede esipa ezangakona, pela siyatanda uba sizizwe ngoba abantwana betu babhungulwa amaX. K. Z. bangabe besakumbula emva. Pambili ke wena wasePipipi!

o o o

Ngiyajabula ngoba uMr. J. B. Mcunu, usanelisiwe ukuti ukutata isitembu, nokulobolisa kubi. Uyindoda Mrs. Hawkins ngokudelisa leyondoda, ngoba nayo yayigweba ize ime ngozwani lukaqukuva.

o o o

Umhlangano wentsha songati ungapinde ucazwe kahle kubantu bakude naseduze ukuze uzwakale kahle, ngoba manje songatiti nokuhamba kwawo xulokunyana, ngoba usadinga incazelo enhle nende. Abanye abafenyisa lomhlangano ngiti basadinga ukuhlala pansi bacabange, ngiti banga cabanga kangcono nxa bengati mhla bepelelwe yitiye (tea) bacabange ngawo. Into enhle ayizwakalisi ezindhlebeni zabaningi.

o o o

Leli gama eliti "Mhlabeni" songatiti, Muhlabeni lowo enimbonayo eti wenza umsebenzi wake njengalaba abalimayo betola imali yabo kahle, bese kuti izimpofana nabantu abanemiqondo emfishana bamhlabe ngokungamfiseli Into enhle eMhlabeni, Muhlabeni!

Imiqondo yabantu ngabantu.

UMr. M. M. Mseleku uti nyabuza kubashumayeli nakubafundisi ukuti qondeni ngokupuca izilevu. Uti bafundi bokuqala bakaJesu babezigunda yini izilevo? Uti vena ngokubuka kwake basola uNkulunkulu ohlamisa izilevu.

UJohn Lozisi uti lapo ebhekisele kwabasha laba abasanda kuzaka: Uma nifuna nkwelapa umuntu ogulayo, funani kuqala isifo esimgulisayo nibese nimtakelake imiti eqondene nesifo leso. Yonke lento eniyishoyo yemikuba yakini yemvelo inhle kodwa funani umtambo wesifo.

AMAHLUBI.

Njengokuba namhlanje ngitanda ukuveza indaba yesizwe sas'emaHlubi ngojabula ukuba base bati bonke abantu ukubako nokuma kwamaHlubi bangalekelele, kuti lapa ngiwa kona bangigakamise bangivuse, ukuze indaba ihambe kahle. Akumoni ngaluto umuntu ukuponsa izwi lapa omunye ekubeka kona. Niyazi pela ukuti ngike ngazama ukuxoxela, ngiqiliandisa ukuma kwesizwe zakiti, ngizama ukuzilandelisa zonke ngosononina. Kepa, ngoba engeko oyisazi nengqapeli yesizwe ngezizwe zika Nkulunkulu kungaba kuhle ukuba siti squba omunye bebemasekela abanye bakubo, kona kuyaugcwaliseka okuhle kwetu esikwenzayo, inxa sisekona kulo'mhlaba esidaleiwe pezu kwawo. Musani nina, bakiti, ukubhekisisa kulo ku ukupatwa kwetu dedengu yilesi yilezi zizwe esifike sakile. Kuyakoni loko nibukisise ibala nemisebenzi yabo ubunjani bayo; niqapele izinwelo zabo ukwahlukana kwazo kwezetu; nibhekisise amakala nemibombo yabo nezindebe zemilomo yabo. Futi ningamangala kanjani? Sikona yini isizwe esingatshwa qede sibuye sibe nomqansa pezu kwesisinqobileyo na? Qa, asikho esinjalo. Kodwa inye into esikahlenyo; ukupatwa kwetu dedengu, kuti lapa sikala kona singabonelelwa njengezinye izizwe ezimhlope njengabo. Nokuko loku masingakubuki siti nqa. Ikona inkati uSomandhla ayakusikulumela ngayo emakosini etu. Akuyi ngendhla zula nangesikwepa, kuya ngomusa nokutoba, nangokuzama ukwenza okuhle okuhambeni. Sesisikulu namuhla isikati sokuciteka kwamaJuda ezweni lakubo. Kenje ngubani owabe asi ukuti ayakubuyiselwa ezweni lakubo ngalempi enkulu ebe ilwa kulezi zinsuku na? Ngiti amandhla nobukosi boMenzi wetu kako noyedwa owaqondayo. Ngaloko nati ngasikolekela ukutunyiselwa okuhle kwetu, loku nati sadalwa ngakudalwa kunye njengezizwe zonke ezipansi kwelanga.

Umlungu wahlukene kude nomuntu, njengelanga nomhlabe. Kakonzeki, kapuluki, ufana namanzi olwandhle wona engangenwa ngamanzi eminye imifula. Kangaloko abakiti abangapambili kwetu babuzile kubo bati, "Sitsheleni ukuba nina nikonzwa kanjani?" bebabuza ngoba bebabona bentshampuntshampu, bengangeneki mihla yonke.

Kumbulani ukuti uMenzi wetu usitanda sonke tina esingumsebenzi wezandhla zake, kakete mbala onjani nonjani. Kuhle nazi ukuti ayakusi kumbula nati ngolunye usuku, asenalo okuhle, uma nati simtanda, simkonza ngesiminya. "Yena okuzwayo akakuleka nokukala kwalabo abamkonza bekuleka ngesiminya."

Ngalezi zindaba enginilandisa zona neiyazi nami ukuti uma nizidembesela kimi namuhla, ninganakile ukubutimali yokuba zenziwe amabhuku abantabenu abasayikukwazi ukuhamba kwakini, sebeyakugcina ngokufana namaLawo, wosa engaakwazi ukuhamba kwakubo ukupela okwamaBhunu, awatatayo awayisa kwaMcoi Plazi, agcina ngokukohlwa nya ukuhamba kwakubo.

ISAHLUKO 1.

Inkosi yamaHlubi enkatini kaTshaka kwaku uMutimkulu kaBhungane kaNsele kaMashiyimahle. Kwabe kuyisizwe esinamandhla. Nakulowo mbango omkulu kaTshaka noZwide kaLanga, mhla uTshaka etakutelele ukubulawa kukaDingiswayo, owabulawa nguZwide ehambele nje eye kuqomisa; kwabe lapo uTshaka ebesandukusuka kwaMtetwa, (lapo ondhliwa kona esabelekele uyise uSenzangakona). Yiwo amaHlubi ayilwileyo leyompi elekelela uTshaka. Kuzwakala ukuti yabe inkulu kakulu leyompi, uNdwandwe wabe enamandhla kakulu; kwabe kuti ngasopondweni olubambe amaHlubi impi yakwaNdwandwe ibaleke ngakubo, ngaloko uTshaka wamaqoba uZwide inkosi eyabe inamandhla amakulu. Ukubizwa kwamaHlubi kwabe kutiwa "Iziyendane," ngenxa yokuba kwaku abantu abanezinwele esiyimiyeko, bengazitungi izicoco behlukile kuZulu. Futi kwaku abantu ababetshanga izwe lonke behambe betengisa ngemiti befuna impahla yezinkomo nezimvu nezimbuzi, bengabantu abafuyileyo. Loko kutsbanga kwabo kwokutengisa ngendungulu neminye imiti kwaze kwenza ukuba babizwe ngokuti "abaRwebi", ngoba ukutengisa kuvame ukuba kubizwe ngokuti ukurweba. Babekwintsha njengabeSutu, bengabbincisi okwakwaZulu kwokuhamba buze ngesinene nebhetshu.

ISAHLUKO II.

UKWAKA KWABO.

AmaHlubi abe akile eNgula petsheya kwoMzinyati, ngaseMgungundhlovana wamaBhunu (Utrecht) namhlanje; akelene namaNgwe akwaMazibuko, laba bakaPutini kaMatshoba; bakelene futi namaNgwane kaZikali kaMatiwane. Inkosazana kaMazibuko udadewabo kaPutini wendela kuMutimkulu, wazala uDhlomo noMtetwa (owabuye wabizwa ngokuti nguLangalibalele; ngizakunilandisa lapo ngezansi isisusa sokuba uMtetwa abizwe ngalelogama. Kepa amaHlubi abe engahlangene namaNgwane. Kwabamba kuni ngokunjalo ukwakelana kwabo kwase kwagcina ngokuvenza inhlakalala yamanyala amabi pakati kwabo.